

Ezweni elibizwa ngeGabon, kwakukhona umuzi owawusekugcineni kwehlathi. Phakathi naleli hlathi, emagatsheni aphezulu esihlahleni esikhulu kakhulu, kwakuhlala inyoni yekhethelo ngempela – inyoni eyayikwazi ukunisa imvula.

Kusukela kudala abantu, babegcina lenyoni ithokozile. Babegcina isinkwa esisele, izithelo nobisi olusha lukakhukhunathi. Njalo ngemuva kwesonto noma kwamasonto amabili ithimba labantu basemzini lalihambisa lezi zidlo ezimnandi ehlathini. Uma sebezibeke phansi komuthi, omunye wabo wayedlala isitolotolo esidlalwa ngezithupha.





Ngemuva kwesikhashana nje inyoni yayindiza yehlele phansi ukuze idle, iphuze. Uma isiqedile yayiqala icule iculo elimnandi kakhulu. Yenza lokho nje iphakamise amaphiko ayo anombala oluhlaza okwesibhakabhaka akhazimulayo, kungakapheli nemizuzu emingaki, yayiqala ukuna imvula.

Lokhu kwaqhubeka nokwenzeka iminyaka eminingi. Ngenxa yokuthi imvula yayina njalo, izitshalo zazikhula kakhulu, futhi kunokudla okuningi emzini. Kodwa izinto zaqala ukushintsha kancane kancane. Kwenzeka-ke ukuthi abantu basemzini bahlale bexakekile ngokuthile baqala ukungayinaki inyoni enisa imvula. 'Lizona vele,' kusho bona. 'Sekuyisikhathi sokuthi siyeke ukutotosa lesi siwula senyoni endala!'





Kodwa abantu babenza iphutha. Ngesikhathi beyeka ukunakekela inyoni, nemvula nayo yayeka ukuna. Izitshalo zaqala ukusha zase zifa, nezilwane zazaca futhi zaba buthakathaka. Noma kunjalo akekho umuntu emzini owaya ehlathini ukuyopha inyoni eyayinisa imvula ukudla. Manje base bematasatasa bonke bezama ukuthola imali yokuthenga ukudla edolobhaneni eliseduze.

Ngelinye ilanga elalishisa kakhulu, intombazanyana ebizwa ngoKhethi yanquma ukuya ehlathini ngemuva kokuphuma kwesikole. 'Okungenani kuzobe kupholile laphaya phakathi,' ezicabangela. Wahamba, wahamba, waze wafika esihlahleni eside okwakuhlala kuso inyoni enisa imvula. UKethi wabuka phezulu esihlahleni. Ngokuphazima kweso wakhumbula ukuthi ugogo wakhe wayaye ahambe kanjani naye beze ehlathini bezopha inyoni ukudla ngesikhathi esemncane kakhulu. UKethi wavula isikhwama sakhe sesikole wase ekhipha ucezu lwesinkwa olwalusele esidlweni sakhe sasemini. Walubeka phansi ngokucophelela ucezu lwesinkwa. njengoba wayengaphathanga isitolotolo, wacula iculo elidala ayelazi empilo yakhe yonke.



Kwezwakala umsindo omkhulu, inyoni enhle eluhlaza yehla emagatsheni angephezu kwekhanda likaKethi yase iqala ukudla isinkwa. Lapho inyoni seyiqedile ukudla, yavula umlomo wayo yase icula amanothi ayingcwenga ambalwa, amanothi aphezulu. Yase iphakamisa amaphiko ayo akhazimulayo, kusenjalo uKethi wezwa ukuduma kwezulu. Ngesikhathi efika ekhaya, kwase kuqalile ukuna amathonsi amakhulu emvula ayepholisa isibomvu esishisa kakhulu.

UKethi wayejabule kakhulu, kwaze kwaba yilapho esetshele abazali bakhe ukuthi kwenzekeni. 'Ungazobheda la!' kuthetha unina. 'Akusekho umuntu okholelwa ekutheni leya nyoni iphathelene nokuna kwemvula!'

'Uqinisile umama wakho,' kusho ubaba kaKetti. 'Sesinqamukile manje isomiso futhi izinto sezizohamba kahle. Ungamoshi isinkwa esimnandi upha leya nyoni endala enomhobholo ukudla futhi!'

Noma uKethi engazange aphikisane nabazali bakhe, wazitshela ukuthi benza iphutha. 'Ukuba uGogo ubesaphila,' ekhuluma yedwa, 'ubezongikholwa!' Ugogo kaKethi wayeshone eminyakeni embalwa eyedlule. Into eyodwa uKethi ayesele nayo isitolotolo esindala sikagogo wakhe.



Kwadlula amasonto amabili kungasekho mvula. Zaqala ukusha futhi izitshalo, zaqala nokuvela kakhulu ngaphandle nezimbambo zezilwane ezilambile. Ilanga lashisa ngokungabi naluzwelo esibhakabhakeni esiluhlaza esikhazimulayo. ‘Anginandaba nokuthi bathini!’ kucabanga uKethi. ‘Sidinga imvula. Ngizopha inyoni ukudla futhi kusasa!’

Ngakho ekuseni kakhulu osukwini olulandelayo, ngemuva kokuthatha ucezu lwesinkwa kanye nenkeshezana yamajikijolo abomvu ekhishini, uKethi wa phuma endlini engabonwa muntu. Waqala uhambo lwakhe oluya phakathi nehlathi. Akazanga ukuthi noyise wayesevukile naye. Ngesikhathi ebona lokho okwakwenziwa indodakazi yakhe, wabona ukuthi yayiyopha inyoni enisa imvula ukudla futhi, 'Ngizofundisa le ngane engezwa isifundo!' ekhuluma yedwa ngokuthukuthela. Wahlwitha umnsalo nomcibisholo wakhe walandela uKethi ngokuthula ukuya ehlathini.



Ngesikhathi inyoni indizela phansi ukuze idle ukudla uKetti ayeyibekele khona, uyise waphakamisa umnsalo wakhe wase ededela umcibisholo wakhe . Umcibisholo wandiza waqonda ngqo enhliziyweni yenyoni. Inyoni yakliwula ukukliwula okuvala izindlebe. Ethukile, uKethi waphenduka – wabona uyise ewela phansi, eseshonile. UKethi wadazuluka wase ephenduka – wabona umcibisholo uwa emzimbeni okhazimulayo wenyoni ungayilimazanga. Inyoni, eyayingalimele, yase indizela phezulu egatsheni eliphezulu kunawo wonke esihlahleni.



UKethi wagijima waphuma ehlathini eshaqeke kakhulu. Zonke izilwane nabo bonke abantu ayebabona babelele phansi beshonile. Inhliziyo yakhe ishaya ngamandla, wagijima waze wafika ekhaya. Ngokushesha wathola isitolotolo sikagogo wakhe. 'Leli ukuphela kwethemba enginalo!' ecabanga. 'Idiniwe inyoni enisa imvula. Kumele ngiyijabulise futhi! KUMELE NGIKWENZE lokhu!'

Ngemuva kwesigamu sehora, uKethi wayesebuyile phansi kwesihlahla esikhulu. Umzimba wakhe wawumfoma umjuluko futhi wayenephika. Ebangeni elingengakanani ukusukela kuyena kwakulele umzimba kayise oshonile. UKethi waphenduka ngokushesha, izandla zakhe zivevezela, waqala ukudlala isitolotolo. Wadlala, wadlala, kwaze kwaba buhlungu iminwe yakhe.





Ekugcineni, lokho ayekufuna ukudlula yonke into emhlabeni kwenzeka. Yehlela phansi inyoni sengathi akuzange kwenzeke lutho. Inyoni yadla amanye amajikijolo ayesephansi yase icula amanothi ambalwa. Kwathi ngesikhathi uKethi eqhubeka nokudlala, inyoni yaphakamisa amaphiko ayo ... UKethi wezwa kukhona okuhwashazayo ngemuva kwakhe.

Kwakunguyise owayesevukile. 'Ngiyaxolisa!'washo ephindelela enyonini enkulu eluhlaza. Welulela isandla indodakazi yakhe base behamba kancane bebuyela emzini. Kwase kuvuke bonke abantu nezilwane emzini.





Izakhamuzi zasemzini zaba nomhlangano ngalobo busuku. Zonke zavumelana ukuthi zifunde isifundo esibaluleke kakhulu. Kanti kusukela ngalolo suku, akudlulanga nesonto elilodwa kungazange kube khona uhambo olukhethekile lokuyoyipha ukudla inyoni eyayinisa imvula.

